


## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

- Ukuveza obala
- Izibophezelo
- Ukubonisana
- Ukuzibophezela nokwethembeka

# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Isethulo seMenenja kaMasipala | 06 |
| Umbiko ngamanzi - udidiyelwe ithimba lamanzi eHarry Gwala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| Uhlelo lokuhlolwa kwesimo sezikole eSifundeni i-Harry Gwala | 10 |
| IMeya yesifunda emkhankasweni wokuhlola ezikoleni nokuklomelisa u-Matric ka-2024 | 12 |
| Injabulo ngempumelelo ka-Matric kuMasipala weSifunda i-Harry Gwala | 13 |
| Ukuhlala koMkhandlu kokuqala ku-2025 | 14 |
| Ukuhanjelwa kweziza eSifundeni iHarry Gwala | 16 |
| UMasipala weSifunda i-Harry Gwala awuhlehli ohlelweni lwawo lokulethwa kwezidingo | 18 |
| Umhlangano wokwamukela Inkosi uMjoli | 19 |
| Isililo ngokushona komsebenzi kaMasipala weSifunda i-Harry Gwala: Nks uPhelokazi Faith Mafa | 20 |
| UMasipala weSifunda i-Harry Gwala ubungaza izaguga | 21 |
| Umkhankaso wokuqwashiha ngomdlavuza eHarry Gwala | 22 |
| UMasipala weSifunda i-Harry Gwala District wethula uhlelo lwe-EPWP Phase 5 | 23 |
| Ukuhambela iSifunda kukaMphathiswa uButhelezi | 24 |
| Kudingidwe ukulwisana nenkohlakalo nemigomo yobuholi obuqotho | 25 |
| UMphathiswa uDuma wemukelwe Inkosi Ntobeko Msingapantsi yaMabhaca Zwelethu Traditional Council | 26 |
| Isithuthi esisha esizosiza ukulethwa kwezidingo | 27 |
| Umviliyelo wabe-LGBTQIA+ e-Harry Gwala | 28 |
| IMenenja kaMasipala weSifunda iHarry Gwala yamukela abasebenzi abasha | 29 |
| Sinethulela i-Menenja yamaPhrojekthi (Chief Technician) | 30 |
| Ukulungiswa kwepayipi elikhulu imbizweni eliqoqa ukungcola eDolobheni uMzimkhulu (ward 16) | 31 |
| Uhlelo lokufakwa kwama-Smart Meters amasha eBhongweni: 2024/2025 FY | 32 |
| Umbiko ngezigameko: Kube nezimo eziphuthumayo ezehle ngoDisemba 2024 kuya kuJanuwari 2025 | 33 |
| Umjaho wamahhashi i-Harry Gwala Summer Cup | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Kubungazwa ukuthuthuka komphakathi, ukulethwa kwezidingo nobuholi bendawo



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

KUYINTOKOZO enkulu ukunamukela kulolu shicilelo lwesigaba sesithathu sonyakamali ka-2024/2025. Ngifisa ukunibonga ngokuqhubeka nokweseka nokukhathalela kwenu izindaba zentuthuko eSifundeni.

Umphakathi wethu awumile, uyakhula, ngaleyo ndlela kumqoka ukuba sihlale sazi ngokuqhubekayo nangezinhlelo eziguqula izindawo zethu. NjengoMasipala kungumsebenzi wethu ukuletha izimfanelo ngokulingana, ngokuphepha nokuthembeka kini nonke. Kulolu shicilelo sibhekisisa izinhlelo ezinkulu zentuthuko nezinqumo ezithinta uMasipala wethu.

Njengoba siqala unyaka u-2025, kuhle sisinge emuva sibheke amazwibela nezinhlelo ezenzeka ngonyaka odlule, ikakhulu impumelelo enhle ka-matric ka-2024. Ekilasini lika-matric lika-2024, ngifisa ukubonga zingane zami ngokufinyelela kuleli zinga lohambo lwemfundo yenu. Imiphumela ka-2024 iwubufakazi bokuzinikela nokuzikhandla kwesizukulwane sentsha yamanje. Kusobala ukuthi ikusasa liqhakazile futhi lisezandleni ezilungele.

Njengendlela yokuveza ukuthakasa kwethu, iSifunda sibambe umkhankaso wokubuyela esikoleni ka-2025 obuholwa iSishayamthetho saKwaZulu-Natal. Inhloso yalo mkhankaso bekuwukuhlola ukuthi ngabe konke kumi ngomumo yini. UMhlonishwa iMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela ZD Nxumalo, uhambele izikole ezimbalwa ezingenzanga kahle ku-matric. Inhloso yalolu hambo bekuyingxenye yokuthola ukuthi engenziwa ukuze basekwe nokubakhuthaza ukuthi benze kangcono.

Empeleni uMasipala wethu usenze umsebenzi oncomekayo ekubuyiseni ithemba kubantu ngokuphuthumisa izinhlelo zentuthuko nokuqinisekisa ukuphuculwa isimo sokulethwa kwamanzi nenhlanzeko.

Unyaka nonyaka kuba nombiko ngamaphrojekthi amanzi nanokuthi kuhlelwe ukuthi aqedwe nini njengoba senzile ekupheleni kuka-2024. Isibonelo nje, ukudluliselwa kweloli elaziwa nge-rollback truck kwabaseMngeni Water ukuze kusizakale abantu eSifundeni sonke, sakwazi nokuhambela izindawo zamaphrojekthi ukuze sibone inqubekelaphambilli. Lokhu kwenzelwa ukuthi kube nokungenelela lapho kufanele khona.

Kunoma iyiphi inkampani enempumelelo, kufanele kube nemigomo nemithetho nokubambisana nabathintekayo njengebaholi bomdabu. UMasipala usanda kwamukela Inkosi Mboneni Mjoli ofunge njengelungu loMkhandlu ngaphambi kobuholi beSifunda ngesikhathi ebekwa. Inkosi Ntobeko Msingaphantsi yamaBhaca Zwelethu Traditional Council yavakashelwa abamele iSifunda bephelezelwa uMphathiswa wezokuThutha nezokuHlaliswa kwabantu uMnuz Siboniso Duma. Abaholi abakhona bahanjelwa uMphathiswa wakwa-Cogta uMfu Thulasizwe Buthelezi.

Konke lokhu kuyinkomba yokubambisana kuMasipala wethu.

Ubuholi bukaMasipala buphinde bathola ithuba lezifundo zokulwisana nenkohlakalo nokuhola ngobuqotho kohulumeni bezindawo ukuze bukhumbuzeke ukwenza ukuthembeka ngaso sonke isikhathi. Kungumsebenzi wezisebenzi zikahulumeni ukuqeda nya ngezinto eziphazamisa ukuphuculwa kwempilo eNingizimu Afrika. ISifunda iHarry Gwala siqashe abazobhekela ukuqhutshwa kokulethwa kwezidingo kubantu. Lokhu kuzolekelela nokwehlisa izibalo zabantu abangasebenzi.

Laba basebenzi babe nethuba lokwamukelwa iMenenja kaMasipala uMnuz Gamakulu Sineke. Nezinhlelo ze-Employment Expanded Public Works Programme (EPWP) zelekelele ngemisebenzi engu-312 ngonyaka odlule eSifundeni. Uhlelo lwe-EPWP luveze amaqhinga amasha azoqinisekisa ukuthi abantu bathuthukiswa amakhono ukuze bakwazi ukuthola amanye amathuba, ukwakha imifelandawonye, ukuqala imisebenzi ngokwabo ukuze kudaleke amanye amathuba. Lolu hlelo luza nalukhulu ekushintsheni izimpilo zabantu eNingizimu Afrika.

"Akungabikhona osalayo". Lesi siqubulo sigcizelela ukubaluleka kokulingana uma kuza ezinhlelweni ezibhekela abantu, kungabhekwe bala lamuntu nasici - wonke umuntu unelungelo lokuthola izidingo namathuba nokuvikeleka ukuba angacwaswa nganoma ngayiyiphi indlela. Isifunda iHarry Gwala sikuqonda kahle ubumqoka babantu asebekhulile neqhaza labo empilweni jikelele. Yingakho iMeya uKhansela Zamo Nxumalo ehlele umcimbi kaKhisimusi ebungaza nabaphumelele emidlalweni ebizwa ngama-Golden Games abasuka komasipala abangaphansi kweSifunda. Lena bekuyindlela yokuveza ukuthi baneqhaza elimqoka futhi bayathandwa, nokuzwakalisa ukubonga ukuzinikela kwabo ekubeni sebeseminyakeni yobudala.

Asiphethe ngokuthi iSigaba 152(1)(a) soMthethosisekelo sibeka umthwalo kohulumeni bezindawo ukuthi baqinisekise intando yabantu nobuqotho emiphakathini. Ngalesi sizathu abantu yibona abaneqhaza komasipala. Nginxusa-ke ukuthi yonke imiphakathi engaphansi komasipala abehlukene eSifundeni ukuba ibone le nkundla njengenqola yokuxhumana neyokubika inqubekelaphambili lapha. Ayikho inkundla edlula lolu shicilelo ngokwazisana ngezinto ezimqoka ezenzeka eSifundeni, ukujabulela impumelelo nokuphendula imibuzo ngendlela eqondile. Kuyasilekelela kakhulu lokhu ukuthi ukuxhumana kwethu kube nomgqigqo, abasebenzi bethu bazi futhi kube nokuxhumana phakathi kukamasipala nabantu.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOMPHAKATHI (PRO)

**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) E-HARRY GWALA

**SIBONGILE KUNENE**
WEZOKUXHUMANA EMKHANDLWINI

**UNKS UATH'ENKOSI BAQWA**
ISEKELA KWEZOKUXHUMANA

**UNKS UXOLISWA DLAMIN**
SEKELA KWEZOKUXHUMANA KWA-EPWP

**UNKS UFUNDISILE QOZA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA KWI-EPWP

ISANDULELO SEMEYA

# ISifunda iHarry Gwala: Unyaka weMfundo, iNtuthuko eHleliwe nokuBusa ngobuQotho



UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo

NGIBINGELELA zonke izakhamuzi zeSifunda iHarry Gwala. Nginamukela ngemfudumalo kule nkundla eyithuluzi leSifunda lokudlulisela imilayezo ebalulekile nokusakaza izindaba kubantu beSifunda sonkana. Akusekho ukujikela emuva, unyaka ka-2025 usuqalile okwangempela.

Ngibhala lesi sethulo nje, umshikashika wokufunda usuvele usuqalile nabafundi sebeqala ukujwayela amakilasi anonyaka, nokwenza ama-homework ngemuva kwamaholide kaDisemba kade bephumule.

Ngenza ngamabomu ukuqala lesi sethulo ngendaba yemfundo. Yiyo phela eyindlela engasiyisa empumelelweni. Ukufundisa akulona itoho lothisha kuphela, sonke njengabazali, nabo othisha, ama-SGB nohulumeni sineqhaza ekufundiseni. Kubafundi bekilasi lakwa-Matric lika-2024, ngiyabonga bantabami ngemiphumela emihle niphakamisa igama leSifunda sethu ngokuzikhandla. Njengabantu beSifunda iHarrry Gwala, siyazidla ngani ukuthi niphakamise nefulegi lesifundazwe iKwaZulu-Natal nelezwe imbala ngokwenyusa amasokisi emiphumeleni yanonyaka.

Egameni le-Harry Gwala District Municipality, ngiyanihalalisela futhi nginifisela okuhle kodwa ngekusasa lenu. Hambani niye ezizweni nibe yisibani ukuze imindeni yenu iziqhenya ngani, umphakathi enisuka kuwo uziqhayise ngani. Khumbulani ukuthi sibeke amathemba kini ukuthi nifake isandla ekuxazululeni izinselelo ezibhekene neSifunda.

**Ukusebenza kwezikole**

Ngisakhuluma ngezemfundo nokubaluleka kwazo, ngithi angikuveze ukuthi mina namakhansela ahlukene ase-Harry Gwala sibe yingxenye yokuhambela izikole komasipala bezindawo abahlukene ngaphansi kweSifunda sethu. Lapha besiyoqinisekisa ukuthi konke kumi ngomumo njengoba kuqala unyaka omusha wemfundo.

SinoMhlonishwa uSipho Hlomuka omnguMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal, sakhonjiswa ngemisebenzi emihle eyenziwe yizikole ngonyaka ophelile, saphinde saziswa nangezinselelo izikole ezibhekene nazo.

Ngasohlangothini lukaMasipala weSifunda, sabaqinisa idolo ngokuthi sithembise ukuthi sizokwenza okufanele sikwenze ukuze ukufunda nokufundisa kungaphazamiseki.

Ngifisa ukuzwakalisa kakhulu ukuncoma kwami kothisha ngokuzinikela emsebenzini wokuhlinzeka izingane ngekusasa elihle. Okwethu ukuthi sibhukule, izinto ezibhekene namandla eSifunda ezikoleni zilungiseke.

**Ingomboco yokwakha uHlelo lweSifunda**

Le nguyazana yokwakha uhlaka lokusebenzela lweSifunda kumele ibe nezinhlosoe esingabala kuzo ukuvuka inkundla kubaholi ukuba babuyekeze noma babelane nokugcizelela umbono weSifunda. Ukwenza nje kuselekelela ukuba sibambisane, bese siba nezinhloso ezisobala nesizokwazi ukuzibekela imigomo esizofinyelela kuyo, noma kube ngaphezulu.

Izithangami ezifana nalezi uMasipala weSifunda iHarry Gwala abe naso muva nje, zisiza ukuvuselela noma ukubuyekeza esikwenzayo, ngaleyo ndlela sikwazi ukuhlela kabusha lapho kunesidingo khona ngokwezidingo zomphakathi. Lapha singabala ukubonisana ngokubambezeleka kwezinhlelo zentuthuko esikuthintile ezingxoxweni ezinsukwini ezedlule. Kulezi zinhlelo kukhona amaphrojekthi amanzi nenhlanzeko, nanjengonga ngishilo, izikhungo zemfundo eSifundeni sethu. Sathatha izinqumo, saqhathanisa nezikhathi ukuze abaphathi baqhube umsebenzi. Sizohlola zonke lezi zinto, kuthi lapho kudingeka singenelele khona singangabazi ukufaka igxalaba.

> "Siyethembisa ukuthi sizosebenzela ukuthi umbiko wethu awunachashazi sibambisene nabaphathi kuwo wonke amazinga. Kungumbono esihlose ukufinyelela kuwo lo ngenkulu intshisekelo

**Umbiko wezimali ongenagcobho**

Ngiyafisa ukudlula endabeni yoMcwaningi Mabhuku omkhulu eNingizimu Afrika ngombiko wakhe onyakeni wezimali ka-2023/2024. Lo mbiko waphinda waveza ubufakazi bokuthi izandla eziphethe uhulumeni ezingeni leSifunda iHarry Gwala uziphethe ngenhlonipho izimali zomphakathi. Lo msebenzi wenzeka ngaphansi kweso elibukhali loMkhandlu namakomidi oMkhandlu lapho kusuke sekuqinisekiswa ukuthi izinhlelo ezikhona ziyenzeka. Siyethembisa ukuthi sizosebenzela ukuthi umbiko wethu awunachashazi sibambisene nabaphathi kuwo wonke amazinga. Kungumbono esihlose ukufinyelela kuwo lo ngenkulu intshisekelo.

**Samukela Inkosi MB Mjoli**

Ngivumeleni ukuba ngiphethe ngokubongela iNkosi uMjoli ngokufungiswa ukuba yingxenye yoMkhandlu kuMasipala weSifunda iHarry Gwala. Inkosi uMjoli ingumholi ehlonishwa kakhulu eSifundeni sakithi. Ukungena kwakhe kuMasipala kuzowuhlomulisa kakhulu uMkhandlu ngamagalelo akhe.

Ngiyabonga

ISETHULO SEMENENJA KAMASIPALA

# UMasipala weSifunda iHarry Gwala HGDM uhlabela phambili ngokulethwa kwezidingo, ukuziphatha nobuqotho



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

NGIYANIBINGELELA nonke njengazakhamizi nesibambisene nabo eHarry Gwala District Municipality.

Njengoba siqala unyaka, kuyintokozo kimi ukuthi nginibikele ngenqubekela phambili esesibe nayo kanye namathuba ezayo. KuMasipala weSifunda sethu iHarry Gwala sizimisele ukuqhubeka nokuletha izidingo zomphakathi nokukhuthaza ubuholi obuqotho nokuphatha okuhle.

Ngiyathokoza kakhulu ngoba ukuzinikela kwethu sekubonwe nawuMcwaningi Mabhuku omkhulu kuleli, osinike umbiko ongenagcobho onyakeni wezimali ka-2023/2024. Lo mphumela uwubufakazi bokusebenza ngobuqotho kuMasipala wethu, nokuba nesandla esihle ekulawulweni kwezimali zomphakathi. Kusobala ukuthi eSifundeni iHarry Gwala sisendleleni eyiyo ekwabeni imali ngendlela, iphinde isebenze ngendlela eyamukelekile futhi.

Kulo nyakamali esikuwo uMasipala weSifunda sethu usukwazile ukubamba umhlangano wokubuyekeza nokuhlela iSabelomali esebuyekeziwe ngomhla ka-3 kuya ku-7 Febhuwari 2025. Kulo mhlangano sagxilisa ukubonisana kwethu ekutheni imali esinayo isebenza futhi yabiwa ngokwezidingo ezimqoka yini. Umhlangano-ke ususisizile ngoba sikwazile ukubhekisisa lapho sixega khona, nalapho kunezidingo zentuthuko ezidinga ukusukunyelwa masisha silandela imigomo yeMunicipal Finance Management Act (MFMA) No. 56 ka-2003. Lo mthetho uthi (esigabeni 69) inhloko ebhekene nokuphatha kuMasipala kumele iqinisekise ukuthi isabelomali esigunyaziwe sisebenza ngendlela futhi ithathe izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi: -

A) Imali isetshenziswa ngokohlelo lwesabelomali, futhi yehliswe ngokufanele uma kucaca ukuthi imali ezongena isingaphansi kwaleyo ebilindelwe esabelweni noma ohlelweni lokulethwa kwezidingo.
B) Imali engenayo nephumayo yeluswa ngeso elibukhali

> “
> Samukela unyaka omusha ngokuthokoza ekweseken imiphakathi yethu ohlelweni lokubuyela ezikoleni. Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuba abafundi, othisha nezikole bathole ukwesekeka okufanele ngezinsiza nokunye ukuze umsebenzi wabo ube yimpumelelo.

Samukela unyaka omusha ngokuthokoza ekweseken imiphakathi yethu ohlelweni lokubuyela ezikoleni. Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuba abafundi, othisha nezikole bathole ukwesekeka okufanele ngezinsiza nokunye ukuze umsebenzi wabo ube yimpumelelo.

Sihlabela phambili ngokukhulu ukuzimisela ekugcineni imigomo yobuholi obuqotho nokuhola okuhle. Sikholelwa ekutheni le migomo imqoka ekwakhekeni kokwethembana nokukhululeka kwesibambisene nabo, nokuqinisekisa ukuthi siletha usizo olusizingeni eliphezulu kubantu.

Ngicela ukuthatha leli thuba ngibonge abasebenzi kuMasipala wethu, amakhanselanabo bonke esibambisene nabo ngokusebenza ngokuzinikela nangokuzikhandla kuMasipala wethu. Ngokubambisana singenza izinto ezinkulu, sishintshe izimpilo zabantu.

Ngiyabonga.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU

|  |  |  |  |
|---|---|---|---|
| **UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA** ISIKHULU ESIPHEZULU SEZEZIMALI | **UMNU UNKULULEKO BIYASE** IZINSIZAKALO ZENGQALASIZINDA | **UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA** EZABASEBENZI | **MR. LINDUMUSA GWALA** IZINSIZAKALO ZAMANZI |



UMBIKO NGAMANZI - UDIDIYELWE ITHIMBA LAMANZI EHARRY GWALA

# QONDA KABANZI NGAMAXHAPHOZI

**Usuku olwaziwa nge-World Wetlands Day lugujwa mhla ka-2 Febhuwari njalo ngonyaka.**

INGQIKITHI yalolu Suku ngo-2025 ithi: "Ukuvikela amaXhaphozi kuwukuvikela ikusasa" Lesi siqubulo sigqamisa injula ngokuxhumana kwabantu namaxhaphozi. Ngaleyo ndlela uSuku iWorld Wetlands Day luyithuba elihle lokuthuthukisa ulwazi ngokuthi yini edingekayo ukuba siyenze ngalesi sikhathi.
Ukuba nengqikithi ehlukile unyaka nonyaka kucacise ngokuhlukana kobumqoka bamaxhaphozi kubantu nasekusimameni kwemvelo.

### YINI AMAXHAPHOZI

Amaxhaphozi ayingxenye emqoka ekuphileni komhlabathi futhi nakubantu aletha impilo njengamanzi nezilwane eziphila emanzini. Enye yezinto eziphambili ukuthi lezi zindawo ziyakwazi ukuvikela izilwane zamanzi namanzi uqobo lwawo nangezikhathi lapho imvula ingani. Amaxhaphozi athathwa njengezindawo ezikhiqiza ukuphila kakhulu emhlabeni nokumele zihlale zivikelekile njengoba kwenziwa emahlathini nezimila eziqhuma emadwaleni nemigede emikhulu. Emaxhaphozini kuphinde kutholakale inhlobonhlobo yokudla kwezilwane nokwabantu. Emiphakathini eminingi esemakhaya nje, amaxhaphozi akhiqiza imithombo yamanzi emvelo aphuzekayo engadinge kuhlanzwa ngemishini yesimanje.

### KUNGANI AMAXHAPHOZI EBALULEKILE?

Lezi zindawo ziyikhaya lezinhlobo eziningi zezinyoni, izilwane ezifana nezimboma, ukudla, amanzi nomthunzi ikakhulu ngesikhathi sokufuduka kwezilwane nesizini yokuzala kwazo. Amaxhaphozi akwazi ukugcina umoya odingwa yimvelo nenhlabathi esikhundleni sokuthi udlulele emoyeni njengongcolile. Ngaleyo ndlela amaxhaphozi awusizo kakhulu ekuvikeleni umkhathi lapho isimo sezulu siba nolaka. Enjalo nje aneqhaza kulokhu okulandelayo:

1. Ukuhlanza amanzi
2. Ukuvuselela amanzi asenhlabathini
3. Ukuvikela izikhukhula

### 1. AMAXHAPHOZI NOKUHLANZA AMANZI

Izinto eziningi ezigugulwa yimvula ezindaweni ezingamadolobha, ezisemakhaya nasemasimini ziphelela emanzini. Ukungcola okulapha kubalwa inhlabathi, umanyolo, imithi yokubulala izinambuzane, okusamafutha okusuka ezimotweni nosawoti osuka emigwaqeni. Amaxhaphozi ayakwazi ukuhlanza amanzi ngokukhipha lezi zinto ezingadingeka emvelweni. Zintathu izinto ezenziwa amaxhaphozi emanzini afika nemvula: ukususa inzika yodoti, ukususa izakhi ezingadingeki nokuhlanza ubuthi.

Amaxhaphozi avikela izinga elihle lamanzi ngokusefa inzika, bese igcine izakhi ezimqoka ngokulwa nokudungeka okufana nezinto eziqinile njengensimbi nokunye. Empeleni amaxhaphozi angabizwa ngezinso zamanzi asemhlabathini ngoba ahlanza ukungcola emanzini.

### 2. AMAXHAPHOZI NOKUVUSELELA AMANZI

Amanzi esiphethu ayaphuzwa, kuchelelwa ngawo izingadi namasimu, abuye asebenze ukugcina amadamu, amachibi, imifula nemihosha inamanzi. Ngezikathi lapho izinga lamanzi lehlile amanzi eziphethu ayakhuphuka kancane ukuze kuhlale kumanzi emifuleni nasemadamini. Ngaphezu kwalokhu amaxhaphozi yiwo alekelela ukuthi imifula, amadamu namathangi okugcinwe kuwo amanzi kungashi. Ukumfimfela kwamanzi enhlabathini ngaphansi kwenza lawo manzi abuye akhuphuke ngezikhathi zasebusika nangesomiso.

Amaxhaphozi-ke aqoqa futhi agcine amanzi ahlanzekile afika nemvula bese ephinde ebuyiseleka enhlabathini lapho angaphinde asetshenziswe ukuphakela abantu amanzi, ikakhulu lawo adonswa ngama-borehole.

### 3. AMAXHAPHOZI NEZIKHUKHULA

Amaxhaphozi akwazi ukudambisa isankahlu sezikhukhula ngokumumatha amanzi amaningi ngemuva kwemvula, ngaphambi kokuwadedela kancane kancane aqhubekele kwenye indawo. Ubungako, ukuma nohlobo lwenhlabathi yexhaphozi yikho okwenza amandla okudambisa amawala ezikhukhula. Lokhu akusho ukuthi amaxhaphozi angavimba izikhukhula kodwa ayalekelela ukunciphisa ukugeleza mawala kwamanzi. Khumbula phela nokuthi emaxhaphozini kunezihlahla eziqinile nayo yonke inhlobo yokumila phansi okuphila emanzini vele ezihlakaza ukugobhoza amanzi ehlelwe umfutho. Nenhlabathi yamaxhaphozi ifana nesipontshi esimunca amanzi amaningi. Yikho-ke ukubone kunamathantala eduze naphezu kwamaxhaphozi uma kade kunezikhukhula, yingoba la manzi asuke echithwe amaxhaphozi ukuze angabi yingozi kwenye imvelo. Ngokuhamba kwesikhathi lawo manzi egelezele emifuleni. Kulula-ke ukuthi sisho ngaphandle kwamaxhaphozi izikhukhula ngabe zenza omkhulu umonakalo.

### KUNGANI KUMELE SIWANAKEKELE AMAXHAPHOZI

- *i.* ***Ahlanza amanzi, ayisisefo esibamba inzika ewudoti:*** Lena yindlela engcono nengambi eqolo yokuhlanza amanzi.
- *ii.* ***Amaxhaphozi agcina amanzi ukuze singaphelelwa ngezikhathi zasebusika nesomiso:*** Wena wabona isipontshi, la manzi akhishwa kancane kancane amaxhaphozi ngesikhathi esingesihle.
- *iii.* ***Angasiza ezikhukhuleni:*** Uma imifula isihluleka ukumumatha umthamo wamanzi afika nezimvula eziningi, amaxhaphozi athatha la manzi awasakaze emathafeni.
- *iv.* ***Amaxhaphozi avuselela amanzi asenhlabathini:*** Amanzi aphuzwayo eziphethu nawokunisela ahlanzwa amaxhaphozi.
- *v.* ***Amaxhaphozi asiza ukulawula ukuguguleka komhlabathi:*** Izinsalela ezingalimaza umhlabathi zibanjwa amaxhaphozi, okuvikela inhlabathi ukuthi ingagebhuki.
- *vi.* ***Aviikela izilwane eziphila emhlabathini omanzi nasemanzini, kanjalo nezihlahla:*** Ziningi nezinye izinto ezisemaxhaphozini ezidala amathuba okuchitha isizungu nawamabhizinisi.

### INGOZI EBHEKENE NAMAXHAPHOZI

Yize imithetho ebekwayo isiwavikela kakhulu amaxhaphozi abebulawa eqedwa, ubukhona bale mvelo nekusasa ngayo kusabhekene nalezi zinkinga ezilandelayo:

- Ukuhlakazeka kwezilwane eziphila emaxhaphozini
- Ukunukebezeka kwamaxhaphozi
- Ukushintsha njalo kwesimo samanzi
- Izimila eziyingozi
- Ukuguquguquka kwesimo sezulu
- Ukwanda kwesibalo sabantu




**UNgqongqoshe uNobuhle Nkabane ukhiphe izipho ngesikhathi ehambele eGinyiqhinga High School ku-Ward 22, ngaphansi koMzimkhulu Local Municipality.**

# UHLELO LOKUHLOLWA KWESIMO SEZIKOLE ESIFUNDENI I-HARRY GWALA

AMALUNGU eSishayamthetho saKwaZulu-Natal baqale uhlelo lokuhlolwa ukuvulwa kwezikole ku-2025 eSifundeni iHarry Gwala ngokuhambela Indawana Secondary School, okuyisikole esingaphansi koMasipala weNdawo uMzimkhulu.

Lolu hlelo lokuhlolwa kokuba sesimweni kwezikole lwenzeke ngokubambisana nezikhulu ezimele uMasipala weSifunda iHarry Gwala. Lesi sikole sisanda kwenza ezibukwayo ngokuphasa ngezinga lika-98% kwekilasi uGrade 12 ka-2024. Isikole sinabafundi abangaphezudlwana kuka-700 kanti abakwa-matric bebengu-48.

Kulezi zikhulu zikaMasipala bekukhona uSomlomo, uKhansela Sibongiseni Mdunge, obemele abaholi bomdabu Inkosi Umsingaphansi nezinduna, abasebenzi beSishayamthetho, izikhulu zoMnyango wezeMfundo, othisha, amalumngu e-SGB, abazali nomphakathi.

Department of Education officials,

USomlomo kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela SD Mdunge, uzwakalise ukwaneliseka ngemiphumela emihle ezikoleni ngonyaka odlule. Uthe: "NjengeSifunda sikholelwa ekutheni futhi siyakaweseka ukuthi ngo-2025 lesi sikole sizothola u-100%. Ngenhlanhla sesibone nezidingo kulesi sikole njengoba sidinga amanzi. UMasipala wethu usujube oplumber nabahlola amanzi ukuze sibe nesiqiniseko sokuthi kunamanzi ahlanzekile kule ndawo," kusho uKhansela Mdunge.

Phezu kwezinselelo isikole esibhekana nazo nsuku zonke, othisha nabafundi benza okusemandleni ukuthi umsebenzi ube muhle. Kwenziwe inhlabamkhosi yokuthi namabanga aphansi adinga ukunakwa okufanayo nokwakwa-matric ukuze imiphumela ibe mihle yonke indawo.

Uhlelo lokuhlola luqhubekele Emtshibeni Secondary lapho kutholakale ukuthi phakathi kwezinselelo kunenkinga yokuminyana kwabafundi nokushoda kwezinsizakufunda. Kodwa lesi sikole sithole 100% ngokuphasa kuka-matric ngonyaka odlule.

Osukwini lwesibili lokuhlola bese kukhona uMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMnuz Sipho Hlomuka neMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo. Laba baholi babe yingxenye











**UMphathiswa wezeMfundo uSipho Hlomuka neMeya yaseHarry Gwala District uKhansela ZD Nxumalo babe yingxenye yokuhlola ukusebenza ezikoleni, lapho bemukelwe ngemfudumalo othisha nabafundi kwahanjelwa ezinye izikole ngabanye abaholi.**

yokuhlola eMdingi High School ngaphansi kwe-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality.

Lesi sikole sinabafundi abangu-832, ngonyaka odlule baphasa ngo-85.8%. Uthishanhloko walapha uNks TN Ndimande waphawula ngokuthi le miphumela ithe ukwehla lapha babekhona phambilini ngenxa yezinkinga zodlame esikoleni. Wabe esecela ukuba kwengezwe ezokuphepha ukuze kube nozinzo esikoleni.

IMeya uNxumalo waphakamisa ukuba isikole siwasebenzise amathangi ukuqoqa amanzi ngemuva kokubona amathangi ayesegcekeni engasetshenziswa. Ngale kweMeya, abaye ababeyingxenye yalokhu kuhlola kwakuyizinduna, aboMnyango wezeMfundo, abeSishayamthetho, abazali namalungu e-SGB.

Kwaphinde kwadlulelwa eNomgidi Primary School. UMphathiswa uSipho Hlomuka waqinisekisa zombili izikole ngokuthi uMnyango uzoqhubeka nokuzeseka ukuze ukufunda kube yimpumelelo.

# IMEYA YESIFUNDA EMKHANKASWENI WOKUHLOLA EZIKOLENI NOKUKLOMELISA U-MATRIC KA-2024









**UNgqongqoshe, uMphathiswa neMeya badlulele kuMasipala weNdawo uMzimkhulu lapho bekunomcimbi wokuklomelisa abaphase u-matric ngo-2024, eSayidi FET.**

USODOLOBHA kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, ehambisana noMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal uMnuz Sipho Hlomuka, bavakashele isikole iMariathal Combined ngaphansi kukaMasipala weNdawo uBuhlebezwe ngesikhathi behola ukulungela kokuqala kokufunda onyakeni ka-2025.

Ngesikhathi iMeya iseXobho, uNgqongqoshe weMfundo ePhakeme nokuQeqesha uDkt Nobuhle Nkabane, ube nenguyazana eGinyiqhinga High School ku-Ward 22 ngaphansi koMzimkhulu Local Municipality ohlelweni olufanayo.

UMphathiswa uHlomuka ushayele ihlombe ukwenyuka kwezinga lokuphasa kuka-matric ka-2024, waphinde waphawula ngomsebenzi omuhle owenziwe nakwamanye amabanga kusukela ku-Grade R. UMeya uNxumalo naye wenanele amazwi kaMphathiswa, ebongela abaphathi besikole, othisha kanye ne-School Governing Body. UMphathiswa uHlomuka ube esenikela ngezicathulo zesikole ezingu-50 ezinganeni ezidingayo.

UNgqongqoshe, uMphathiswa noMeya uNxumalo badlulele eSayidi FET, eMzimkhulu, lapho bekuhlelwe khona umcimbi wemiklomelo yabafund baka-matric abenze kahle. Laba baholi babongele abafundi abaqwaqwade abanye ngezindondo, baphinde baklomelisa izikole ezibe nemiphumela emihle nothisha.

Umcimbi wemiklomelo ka-matric ubufana nemvuselelo eletha ugqozi kwabaningi njengoba abafundi abenze kahle ezikoleni ezahlukene bechonywe uphaphe lwegwalagwala ngokuzimisela kwabo unyaka wonke. Nothisha bancome kakhulu ukuzinikela emsebenzini kwezingane, bathi banethemba lokuthi le miphumela izokwenza ikilasi lika-2025 lilangazelela ukwenza okungaphezulu.

UNgqongqoshe Nkabane, ozalwa kuyo le ndawo, wethembise abafundi abayishumi abenze kahle eMzimkhulu ngemifundaze yezikhungo zemfundo ephakeme. UNgqongqoshe owasesigodini esaziwa ngokuthi kuseMfundweni. Uphinde wazinikela ukuthi uzoba yiso lesikole iGinyiqhinga High School ngokusivakashela njalo. Ngemuva kokukhuthaza abafundi, uNgqongqoshe ube esegqugquzela ukuba bangawaxwayi amakolishi amakhono (TVET) angaba wusizo olukhulu ekwakheni amakhono adingekayo ezindaweni abakuzo.

Abaholi bazoqhubeka nokuvakashela iSifunda nezikole ezikhona njengeqhinga lokweseka nokukhuthaza abafundi unyaka wonke.

# INJABULO NGEMPUMELELO KA-MATRIC KUMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA







**Umfundi waseLittle Flower Secondary School, uShai Pitout, uklonyeliswe njengobaqwaqwade emakhanda bonke eSifundeni iHarry Gwala.**

UBUHOLI bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala buhambela phezulu ngempumelelo yekilasi lika-matric lika-2024 elishaye into ecokeme ngemiphumela yangonyaka odlule. Ngesikhathi uMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal ukhipha imiphumela e-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre (ICC), eThekwini, kwavele ukuthi iSifunda sifinyelele ku-88.9% wabaphasile, okusho ukwenyuka kusuka ku-87.1% wango-2023.

IMeya yeSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo, ubongele bonke abafundi, othisha, othishanhloko nama-SGB kanye nabazali ngalo msebenzi omuhle. "Akukho ukungabaza ukuthi kusetshenzwe kakhulu, hhayi ngasohlangothini lwezingane kuphela kodwa othisha, othishanhloko, ama-SGB nabazali," kusho uMkhatshwa.

Emcimbini kuklonyeliswe umfundi ophume phambili eHarry Gwala, uShai Pitout ofunda eLittle Flower Secondary, obe sendaweni yesikhombisa esifundazweni. Lo mfundi uhlomule ngomfundaze ophelele okhishwe uMnyango wezeMfundo njengoba ezokwenza izifundo zobunjiniyela eKapa.

UMkhatshwa uncome kakhulu ukusebenza ngokuzikhandla kothisha, abasebenza amahora engeziwe ukuqinisekisa ukuthi izingane ziyaphumelela. Uphinde wakhuthaza abafundi abangenzanga kahle, ethi abangaphosi ithawula babuyele khona njengokugiya.

Njengoba kuqala unyaka omusha, uMeya Nxumalo ufisele okuhle kodwa abafundi ababuyele esikoleni.

"Nisebenze, ningami, khumbulani ukuthi imfundo iwukhiye wakho konke. Sinifisela ikusasa elihle," ubakhomoze kanje.

Imiphumela emihle yeSifund iHarry Gwala iwubufakazi bezithukuthuku nokuzinikela kwabo bonke abathintekayo. Njengalokhu uMasipala uqhubeka nokufaka isandla ukuphucula ezemfundo, ikusasa libukeka liqhakazile.







# UKUHLALA KOMKHANDLU KOKUQALA KU-2025

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala uthole umbiko ongenagcobho kunyakamali ophele ngo-30 Juni 2024. UMasipala ubambe umhlangano wawo wokuqala onyakeni mhla ka-28 Januwari 2025 ezindlini zoMkhandlu eXobho. Kulo mhlangano uMcwaningi Mabhuku oMkhulu wethula umbiko lapho kuvezwe khona ukuthi akunagcobho. Lo mbiko wemukelwe ngemfudumalo iMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo, othe ujabule ngalo mbiko. UMkhatshwa uqinise idolo uMcwaningi Mabhuku oMkhulu ngokuthi uMasipala uzokwenza konke okufanele ukuqinisekisa ukuthi kuyaphuculwa lapho kunesidingo sokulungisa khona. Uphinde wengeze ngokuthi uMkhandlu uzobheka izindawo lapho kungaba khona izici ukuze bathole ukuthi imbangela yini. Lo mhlangano usucabe indlela eMkhandlwini ukuthi unyaka ka-2025 uzoba unyaka wokubhukula kakhulu ekulethweni kwezidingo kubantu.





# UKUHANJELWA KWEZIZA ESIFUNDENI IHARRY GWALA



**IMeya, uKhansela Nxumalo ukuthokozele ukubona inqubekelaphambili kumaphrojekthi ahlukene eSifundeni.**

UKUYOHLOLWA kwezindawo zamaphrojekthi kuMasipala weNdawo iGreater Kokstad kube yizindaba ezinhle ebuholini bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala njengoba umsebenzi edamini elakhiwayo iKempsdale usuqalile.

IMeya yeSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo ukuthokozele ukubekwa esithombeni ngokwenzekayo kulo msebenzi ozodla imali elinganiselwa ku-R200 million, nokungumsebenzi othathwa njengozoxazulula izingqinamba zamanzi ezindaweni eziningi eKokstad.

Ukwakhiwa kwaleli damu kuzohlinzeka ngomthamo wamanzi ophezulu kwazise kubhekeke ukuthi izidingo zamanzi zibe seziphezulu mawala ngonyaka ka-2040. UMkhatshwa ubenelisekile kakhulu ukuthi azibonele ngawakhe amehlo isivinini umsebenzi oqhubeka ngaso.

Lolu hambo lobuholi beluyingxenye yokuhlolwa kwezinhlelo zentuthuko eziqhubekayo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi amaphrojekthi aphela ngesikhathi okulindeleke aphele ngaso. Ubuholi abugcinanga ngokuhambela iziza zomsebenzi kodwa ziphinde zadlulela emahhovisi eKokstad buyokhuthaza abasebenzi, babone nezimo abasebenza ngaphansi kwabo. Bahamba ibanga elingamakhilomitha amane endaweni eyaziwa nge-Horseshoe ukubheka izinkinga zamanzi nokuthola izixazululo.

Abaholi bathole ithuba lokukhumbuza abezinkontileka ukuba basebenze ngokuzinikela ukuze kungabi khona ukuphazamiseka komsebenzi ungapheli ngesikhathi. Le phrojekthi yethulwa owayenguNgqongqoshe wezaManzi neNhlanzeko uMnuz Senzo Mchunu lapho ahlaba khona isoyi njengophawu lokumemela ukusuka koshikishi lomsebenzi. Idolobha laseKokstad likhula mawala eSifundeni okwenza ubuholi buzikhathaze ngokuthi ukuphakelwa kwamanzi











**Ubuholi bukaMasipala buqhubekile bayohlola ezinye izizinda zemisebenzi eqhubekayo ukuze bukwazi ukungenela uma kunezisdingo.**

kuyalungiswa kungaze konakale.

Kwenzeka lezi zinhlelo nje, uMasipala umatasa nokusabalalisa uhlelo lwama-prepaid meters, okuyisihloko esilokhu sisusa impikiswano ubuholi obubonisana ngaso nemiphakathi obuyihambelayo. Izikhulu ziphinde zacacisa ukuthi lolu hlelo luzosiza imiphakathi futhi yilona oluyisixazululo endabeni yamanzi alahlekayo namanzi angangenisi nzuzo.

Kulolu hambo, ithimba liqale usuku kwiphrojekthi i-Horseshoe Sanitation Project and Refurb / Upgrade yengqalasizinda yaseBhongweni.

E-Underberg ubuholi baqhubeka nokuhlangana nemiphakathi, bukhuluma ngebanga eselihanjwe uMasipala ekuqinisekiseni ukulethwa kwezidingo kubantu ngezinga elifanele.

UMeya uNxumalo neMenenja kaMasipala uMnuz Gamakulu Sineke bazinika isikhathi sokufaka imilomo nezakhamizi e-Underberg ngesikhathi kuhlangenwe e-Country Club kade behambele izinhlelo zentuthuko zamanzi.

Iphendulwe yonke nemibuzo eyayibhalelwe uMasipala inhlangano yomphakathi, iSani Pass Community Forum. Ithimba labe selidlulela ohlelweni lwamanzi iKhukhulela Water Scheme Phase 1 and 2 ne-Creighton Water Supply Scheme Phase 2 leneliseka ngelakubona lapho.

Kwaphinde kwedlulelwa kuMasipala weNdawo uMzimkhulu ukubheka inqubekelaphambili yemisebenzi emikhulu yakhona. Lezi zinkambo beziseyilo uhlelo lokulandela kukaMeya weSifunda uMkhatshwa nethimba lakhe ofuna ukuzibonela ngawakhe lokho okushiwo emibikweni eyethulwa eMkhandlwini. IMenenja uMnuz Sineke wayehola izikhulu zikamasipala ngesikhathi kuyiwa eMbizweni Water Supply Scheme lapho ukufakwa kwamapayipi sekuqalile.

Ukuhlola kwaqhubekela eMachunwini Water Supply Scheme nase-Greater Mnqumeni Water Supply Scheme phase 5. Amanye amaphrojekthi ahanjelwa yikwaMay Theekloof ne-Greater Summerfield. Lokhu kuhambela kuzoqhubeka kubo bonke omasipala abangaphansi kweHarry Gwala ukuze kube nokungenelela lapho kufanele khona, kungami umsebenzi.












**Umbuthano wokuhlelela unyaka ububanjelwe eScottburgh, lapho bekuhlangene izimenenja, abaqondisi nobuholi bezepolitiki belungiselela uhlaka lwesabelomali sika-2025/2026 ne-IDP.**

# UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA AWUHLEHLI OHLELWENI LWAWO LOKULETHWA KWEZIDINGO

UMHLANGANO wokubheka izinhleko zonyaka ngaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality ube ngenkulu impumelelo njengoba ucacise ngamasu adingidiwe ukuthi intuthuko izobekwa eqhulwini ekusebenzeleni abantu.

Lolu wuhlelo lokucebisana ngaphakathi kuMasipala lapho kwacutshungulwa ngokujula ekutholeni izixazululo ezinselelweni ezibhekene namaphrojekthi amakhulu okuyiwo aqaqa izinkinga ezibhekene nezidingo.

Lo mhlangano ububanjelwe eScottsburgh, eSouth Coast, lapho bekudidiyelwe ndawonye izimenenja, abaqondisi nobuholi ezingeni lepolitiki. Indaba egudwini lapha bekuyizo ezezidingo zomphakathi. Phakathi kokunye, kukhuthazwe isibindi kubasebenzi, ukuzinikela nokukhuthalela umsebenzi womphakathi okuzodinga wonke umuntu afake igxalaba nonyaka. Ingqikithi ibithi: "Ukubheka nxazonke, impatho efanayo ngokulethwa kwezidingo okungcono".

Umhlangano waphinde wagxila ekubuyekezweni kwesabelomali sika-2024/25 nokulungiselelwa kwesabelomali esizayo sika-2025/2026. Kwabhekisiswa nohlelo lwentuthuko edidiyelwe (Integrated Development Plan) okuyilo olulawula ukwabiwa kwemali. Izindawana okuyizo ezagqama kulokhu yindaba yamanzi, inqubekelaphambili yokufakwa kwamamitha amanzi nokuqala kokusebenza kwawo, amaphrojekthi engqalasizinda nohlelo lwezimali ukuthuthukisa imali engenayo kuMasipala weSifunda.

Amakhansela ayekhona ngobuningi bawo, nawo athola ithuba lokubuzisisa lapho kungacaci khona, ikakhulu ezintweni ezihlale ziphakanyiswa umphakathi.


USihlalo womhlangano, iMeya uKhansela Zamo Nxumalo, ephawula wagcizelela ukuthi into emqoka ukuqinisekisa ukuthi umasipala uyakwazi ukulethela abantu baseHarry Gwala amanzi ahlanzekile naphephile, nenhlanzeko kuwo wonke umuntu.


Ukuze kwenzeke lokhu, kusho uZwide, kumele sikwazi ukuhlela ngokucacile ngokwesabelomali ukuze kufezeke zonke izinhlelo zomphakathi.

# Umhlangano wokwamukela Inkosi uMjoli









**Inkosi Mboneni Benedict Mjoli ifungiselwe ukungena eMkhandlwini kukhona nobuholi baMasipala.**

UNYAKA u-2025 uqale ngelinye igiya ngesikhathi uMkhandlu kaMasipala weSifunda iHarry Gwala wamukela umholi wendabuko oqavile, Inkosi uMboneni Benedict Mjoli esiyingxenye yoMkhandlu weSifunda.

Inkosi uMjoli yafungiswa ngokusemthethweni mhla ka- 21 Januwari 2025 ezindlini zoMkhandlu eHarry Gwala, eXobho. Inkosi yayifunga phambi kweMenenja kaMasipala uMnu uGamakulu Sineke, uSomlomo weSifunda uKhansela Sibongiseni Mdunge, nelungu lesigungu esiphezulu uKhansela uSimphiwe Bekwa, kukhona neMeya yeSifunda uKhansela Zamo Nxumalo.

UMnu uSineke wamukela Inkosi ngemfudumalo, wayifisela uhambo oluhle ekusebenzeleni umphakathi ngasohlangothini loMkhandlu.

"Uhlonishwe ngalesi sikhundla sokumela abantu eMkhandlwini, kungumsebenzi okubhekeke lukhulu kuwo nokuzinikela ekutheni izimpilo zabantu eSifundeni yizo ezihamba phambili, nokuletha ushintsho," uMnu uSineke.

UMhlonishwa uNxumalo ubeke amazwi ambalwa ezwakalisa ukuthakasela ukuba yingxenye kwenkosi uMjoli ayazi ngokuthanda abantu. IMeya ithe yasebenza kahle kakhulu nenkosi phambilini futhi akukho ukungabaza ngokuthi bazoqhubeka lapho babegcine khona, njengoba sebendawonye futhi.



# ISILILO NGOKUSHONA KOMSEBENZI KAMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA:

# NKS UPHELOKAZI FAITH MAFA

















**Umndeni, abangani nabalingani basemsebenzini bebezohlonipha okokugcina uzakwabo enkonzwe yesikhumbuzo kaPhelokazi Faith Mafa.**

UMASIPALA iHarry Gwala District Municipality ube nenkonzo yesikhumbuzo kaNks Phelokazi Faith Mafa ehholo lomphakathi iClysdale, eMzimkhulu ngoDisemba. UNks Mafa waqala ukusebenzela iSifunda eyi-general assistant ngaphambi kwehhovisi laseMzimkhulu Satellite ngo-2010.

Ubuholi bukamasipala buzwakalise ubuhlungu ngokulahlekelwa umsebenzi obethembekile efana nesosha emsebenzini wakhe. UPhelokazi ubaziwa ngokuthobeka kwakhe, ehlale engumuntu ojabule njalo futhi enozwelo kubalingani bakhe, nasemsebenzini wakhe ezimisela njalo.

Ukudlula kwakhe emhlabeni kuvule elikhulu igebe kwabasondelene naye. Inkonzo yokumkhumbula yayihanjelwe umndeni wakhe, abangani nabalingani emsebenzini.

Izikhulumi ebezidedelana kule nkonzo bezizwakalisa ukukhathazeka okukhulu ngokubulawa kwabesifazane nezingane, abaningi bethi lezi zehlakalo seziwume emphinjeni umphakathi. ngoba akusebona nobulwane lobu.

Ikhansela uNoluthando Mhatu ukuveze lokhu ngesikhathi ekhuluma ethi: "Inhliziyo yami ifana neyophayo ngenxa yendlela ahambe ngayo uPhelokazi. Amadoda kumele athathe indawo yawo emphakathini avikele izingane nabesifazane. Singabesifazane sesenze imibhikisho, sathandaza kodwa ukubulawa kwabantu akumi. Siyazi ukuthi akuwona wonke amadoda aphelelwe ubuntu, ngaleyo ndlela kukhona amazwi okufanele azwakale evela kuwo amadoda. Abesifazane abasakwazi nokuzihambela ngokukhululeka ngenxa yovalo lokuhlaselwa, babulawe abantu abathi bayabathanda."

USomlomo weSifunda, uKhansela SD Mdunge, ududuze bonke abebekhona wathi: "Sinethemba lokuthi nizoduduzeka ngemikhuleko nelapheke ngamazwi avela kubantu abalapha. Umkhuleko oyoselekelela uma sekunje, esingakwenza ukuthi sikhumbule okuhle udadewethu abeyikho."

UKhansela uMdunge uqhube wathi kube umzuzu obuhlungu ukuzwa ukudlula emhlabeni kukaPhelokazi, echaza uhlobo lomuntu abenguye. "Yiqiniso ukuthi isitsha esihle asidleli."

Umndeni uzwakalise ukubonga ngokwesekwa abakuthole kuMasipala weSifunda ngesikhathi besemanzini.

UNks Phelokazi Faith Mafa wabekwa endlini yakhe yokugcina mhla ka-21 Disemba 2024 ekhaya endaweni yaseMambulwini.

***ALALE NGOXOLO.***

# UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA UBUNGAZA IZAGUGA

**INGQIKITHI:**


***"UKUKHULA OKUNESITHUNZI" - UBUMQOKA BOKUNAKEKELA NEZINHLELO ZOKWESEKA ABADALA EMHLABENI***





















**Abahlabana emidlalweni yama-Golden Games 2024 ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala District bahlonishwe iMeya, uKhansela Z.D. Nxumalo kwisidlo sikaKhisimusi sabadala.**

IMEYA yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Gwala, uzinike ithuba lokuba nezakhamuzi esezikhulile ezivela emindenini ehlukahlukene zeSifunda, ezinye zazo ezawina ama-Golden Games 2024. Lo mcimbi, obuse-Amble-in, eXobho, wenzeke njengengxenye yokujabulela isikhathi sikaKhisimusi ngoDisemba.

Inhloso enkulu yalolu hlelo bekuwukukhombisa abadala ukuthi babalulekile futhi baneqhaza eSifundeni. UMkhatshwa uthe ngesikhathi samaholide kaKhisimusi abanye abantu abadala bazithola benganakekile emakhaya, bagcine bechitha amaholide benesizungu. Uthe ngalo mcimbi uMasipala ufisa ukukhombisa ukuthi abadala kufanele bahlonishwe futhi bajatshulelwe ngokuba khona emphakathini.

Kumenywe isikhulumi saseMnyangweni wezeMpilo, esikhulume ngezinto ezibalulekile abantu abadala okumele bazenze ukuze bangahlushwa amahlalakhona. IMeya ikhisimuze izihambeli zalo mcimbi kwamnandi kwanjeyaya.

"Egameni likaMasipala weSifunda, iHarry Gwala, nginifisela okuhle kodwa. Nibe noKhisimusi omuhle, nonyaka onempumelelo nokuthula," kusho iMeya uNxumalo.

Umcimbi usongwe ngedili lomculo nomdanso, nezinye izinhlobo zentokozo.

# Umkhankaso wokuqwashiha ngomdlavuza eHarry Gwala









**Abezempilo nabasebenzi ngesikhathi kuboniswana osukwini lokuqwashisa ngesifo umdlavuza eSifundeni iHarry Gwala.**

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala ubambisene nophiko lwakwa-Occupational Health and Safety Unit, babe nomkhankaso wokusiza abasebenzi bakulesi Sifunda ngezindlela zokubhekana nesifo somdlavuza emahhovisi kaMasipala eXobho.

Ongoti bezempilo uDkt LG Nemukongwe noSister Sikhosana bakwa-AVIA Occupational Health Care Services bakhulume nabasebenzi ngokubaluleka kokuthatha izinyathelo ekulweni nomdlavuza.

Kufundwe okuningi kulo mkhankaso njengoba abantu benikezwe ulwazi ngezinhlobo ezahlukene zomdlavuza, nezindlela zokuzivikela nokushesha uhlole kusenesikhathi. Esethulweni sakhe, uSister Sikhosana, uqale wachaza umdlavuza njengesifo lapho kukhula mawala ama-cell athize emzimbeni bese eqhubekele ezingxenyeni ezahlukene.

Uphinde weluleka abebekhona ngokuthi yini abangayenza ukunakekela imizimba yabo, nokuthi bangenzani ukubhekana nale nkinga uma isikhona.

Ngesiskhathi semibuzo uDkt Nemukongwe ugcizelele ukubaluleka kokuhlolwa ngaso sonke isikhathi uma kukhona okungajwayelekile okwenzeka emzimbeni.

"Akumele sizibe uma singazizwa kahle, ukusheshe uthole ngenkinga kukunika amathuba angcono okwevimba inkinga enkulu," kusho uDkt Nemukongwe.

Umthwalo womdlavuza uyaqhubeka nokusabalala emhlabeni wonke, udala ukukhandleka kwemizimba, komoya nezindleko ezimalini zabantu nemindeni, imiphakathi neminyango yezempilo zamazwe.

Ukuba nezithangami mayelana nezempilo kwelekelela kakhulu ukukhumbuza abantu ngokusukumela impilo yabo, bathole nokunyangwa kungakadaleki umonakalo omkhulu.

# UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA DISTRICT WETHULA UHLELO LWE-EPWP PHASE 5












**Abebeyingxenye ye-EPWP Phase 5 bebejabule kwethulwa lolu hlelo, lapho bekukhulunywa nangempumelelo oselube yiyo esikhathini esedlule.**

NGO-2024 uhlelo i-Expanded Public Works Programme (EPWP) beyiqeda iminyaka engu-20 lwaqala. Njengengxenye yokugubha lolu hambo, uMasipala weSifunda iHarry Gwala ube nomgubho wokwethula uPhase 5 walolu hlelo ehholo i-Peace Initiative Hall eXobho, ngoNovemba wonyaka odlule.

IMeya kaMasipala, uKhansela Zamo Nxumalo noSomlomo u-MSD Mdunge, bebambisene nomasipala abangaphansi kweSifunda

uBuhlebezwe, i-Greater Kokstad, Dr Nkosazana Dlamini-Zuma noMzimkhulu bathumele imilayezo yokubonga nokweseka umcimbi. UMnyango wezengqalasizinda udale amathuba emisebenzi angu-312 ngo-2024 eHarry Gwala futhi bahlela ukuqeqeshela nokuthuthukisa amakhono. Amakhono azuzwe kulolu hlelo kubhekwe ukuthi abe lusizo eminyangweni efana noweZolimo, Ezemvelo, ukuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya noMhlaba. Le minyango izoqhubeka ibambe iqhaza elikhulu ekwesekeni uhlelo lwe-EPWP ngokuqasha abakhiqizwe yilo kwezocwaningo naseziqiwini zesifundazwe.

UMqondisi wohlelo lwe-EPWP esifundazweni uNksz Nokwanda Gcaba, uthe: "Njengoba sihlela kabusha isigaba sesihlanu sezinhlelo zethu, inhlosongqangi ayishintshile, injongo ye-EPWP ukulwisana nokwesweleka kwemisebenzi, senze umehluko ngendlela eza nezinguquko. Indlela esikuyo idinga ubuhlakani ngokuhlanganyela, ukuzinikela kwabo bonke abakhona lapha."

Wengeze ngokuthi njengoba kwethulwa isigaba esisha, wonke umuntu kumele amukele ngomoya wokubambisana ukucabanga okusha, nokuhlosa ikusasa eliqhakazile entsheni, abesifazane, imiphakathi yonkana nesizwe.

Umbono wokuhlahla izindlela zokuhlabela phambili uwubufakazi bokuzinikela ekuqinisekiseni impumelelo ye-EPWP ezoholela ekunikeni abantu isipiliyoni abasidingayo ukuze baqasheke, ukuzakhela amathuba emisebenzi, imifelandawonye namanye amabhizinisi angakwazi ukuqasha abanye abantu. Ngale ndlela abantu abaningi abaphuma lolu hlelo ngeke babuyele ekuhluphekeni nokungazi ngekusasa labo.

Uhlelo lwe-EPWP Phase 5 luyivulile iminyango kwabazohlomula kulo ukuthi babe yingxenye yezinguquko.

Kulo mcimbi abahlomula ohlelweni lwe-EPWP ngokwedlule banikwe ithuba lokufakaza ngokuthi izinhlelo zalo zenzeni ezimpilweni zabo.

Usuphethwa umcimbi, uSomlomo uKhansela MSD Mdunge uzwakalise ukubonga kwakhe ngobukhona balolu hlelo.

"Amathuba awakhethi bala lamuntu. Awazi bulili bamuntu. Uma uzinikela, impumelelo izolandela. Ngiyacela sisebenzise la matoho adalwa uhulumeni nge-EPWP njengesitebhisi sokufeza amaphupho ethu. UMnyango uzinikele ekuphuculeni izimpilo zomphakathi. Imizamo efana nohlelo lwe-EPWP iphendla indlela ebheke ekwakhiweni kwesifundazwe esisha, esikhulayo nesiphumelelayo."

# UKUHAMBELA ISIFUNDA KUKAMPHATHISWA UBUTHELEZI















**UMphathiswa wakwa-Cogta KwaZulu-Natal, uMfu Thulasizwe Buthelezi, uhambele izitolo ezingama-spaza shops nabadayisela zona eXobho.**

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala, muva nje, usanda kuhanjelwa uMphathiswa woMnyango wokuBusa ngokuBambisana kuhulumeni nezoMdabu KwaZulu-Natal, uMfu Thulasizwe Buthelezi obezofakana amehlo namakhosi eSifunda.

UMphathiswa wemukelwe kahle kakhulu iMeya yeSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo. Ngemuva kokubamba inguyazana namakhosi, kube sekwedlulelwa emkhankasweni wokuqinisa umthetho edolobheni iXobho, ngaphansi kukaMasipala weNdawo uBuhlebezwe.

UMphathiswa uButhelezi uzikhulumele ngqo namakhosi ngaphansi kweHarry Gwala Local House of Traditional and Khoisan Leaders. Lo mhlangano ubuhlelelwe ukuba amakhosi abe besithangami noMphathiswa mayelana nobuholi bomdabu eSifundeni.

UMfu Buthelezi naye ube yingxenye yomkhankaso wokuqiniswa komthetho ngemuva kokubonana namakhosi. Kulo mkhankaso kuhanjelwe ama-spaza shop nama-wholesalers lapho bekubhekisiswa ukuthi imithetho yama-bylaws iyalandelwa yini.

UShenge ubephelezelwa izikhulu zikaMasipala weSifunda iHarry Gwala, ezaseBuhlebezwe Local Municipality nabakwa-Cogta. Lolu hlelo kuhlose ngalo ukuvikela izakhamizi kosomabhizini abangombombayi.

# KUDINGIDWE UKULWISANA NENKOHLAKALO NEMIGOMO YOBUHOLI OBUQOTHO



**Bekwethulwa ngokusemthethweni umqulu wendlela yokuziphatha koHulumeni baseKhaya.**

KUBA nokukhathazeka ngobuqotho bobuholi uma sekukhona ukukhononda nokwehlelwa ukwethenjwa abantu ngokungabi nanhloni okukhalwa ngakho zonke izinsuku.

Ezinsukwini ezedlule uphiko lwakwa-Risk Management kuMasipala weSifunda iHarry Gwala lube nenguyazana yokuqeqesha ngokubaluleka kokulwisana nenkohlakalo nokuqonda imigomo yokuziphatha ngendlela ebuholini komasipala. Kulo mhlangano obusemahhovisi kaMasipala weNdawo uBuhlebezwe, eXobho, bekukhona amakhansela nezikhulu zomasipala. Kulo mhlangano lapho kwethulwe khona umqulu ngendlela yokuziphatha kwabaholi kanti phakathi kwabaholi abebekhona kubalwa iPhini lemeya eHarry Gwala District Municipality, uKhansela N Jojozi,uSomlomo waseHarry Gwala uKhansela S Mdunge, uMnuz Lwandile Bebula oyi-Deputy Director: Municipal Investigations, kwa-COGTA.

Bekukhona noMnuz Bongani Khuzwayo oyi-Deputy Director ophikweni lwakwa-Anti-Fraud and Corruption, eHhovisi likaNdunankulu nezikhulu zaseBuhlebezwe, uMzimkhulu, Greater Kokstad nase-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipalities.

Lokhu locobelelwana ngolwazi ithinte kakhulu endabeni yokwethembeka, ukwenza ngeqiniso, inhlonipho nokubaa qotho njengendlela yokwakha isithombe esihle ngohulumeni. Igcizelele kakhulu ezindabeni zokuthuthukiswa komnotho, ukuphatha ngobuqotho nokubaluleka kwakho. Konke lokhu kwenziwa ukuze kuhlangabezane nesu likahulumeni elibizwa nge-2016 Local Government Anti-Corruption Strategy (LGACS), elichazangokubaluleka kobuholi obuhlanzekile.

Lo mhlahlandlela ubeka ifawundeshi ngezinto okumele zibe yizinsika kubaholi abaqotho njengoba nje sekwethulwa umqulu wezinto ezilindelekile kubaholu nabaphathi kohulumenji basekhaya.

Ngokulandela imigomo ekulo mqulu, abasebenzi, izikhulu nabaholi bakhombisa ukuzinikela ekusebenzini ngokubambisana nokubakanyeka kwemiphakathi abakuyo, besebenzela yona futhi. Umqulu ugcizelela kakhulu ukuthi abantu abenze okufanele noma bengabonwa muntu.

**#DoTheRightThingEvenWhenNoOneIsWatching**
**#SayNoToCorruption**












**UMphathiswa wezokuThutha nezokuHlaliswa kwaBantu uSiboniso Duma ubehambele Inkosi Ntobeko Msingapantsi wesizwe samaBhaca eZwelethu Traditional Council.**

# UMPHATHISWA UDUMA WEMUKELWE INKOSI NTOBEKO MSINGAPANTSI YAMABHACA ZWELETHU TRADITIONAL COUNCIL

INKOSI Ntobeko kaGobizizwe Msingapantsi usehlabe ikhwelo kuMphathiswa wezokuThutha nokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Siboniso Duma, ukuthi kubuyiswe ukusebenza kwezitimela kule ndawo. Inkosi ikhale kakhulu ngokugqilazwa kwengqalasizinda yomgwaqo amaloli amakhulu athwala izingodo awushiya umagebhugebhu udale nezingozi.

UMphathiswa uDuma wamukelwe ngemfudumalo yinkosi noMkhandlu wayo, iMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala

uKhansela Zamo Nxumalo, izimeya zomasipala bendawo nobuholi bendawo.

Ephawula uDuma uthe: "Sizizwa sibusisekile kakhulu ukwamukelwa Inkosi noMkhandlu. Sikwazile Inkosi ukuyethulela esikuhlelayo mayelana nezindlu nemigwaqo eMzimkhulu, sabe sesithola nethuba lokudlulisela imizi emiphakathini edingayo. Siyavumelana nombono wenkosi ngendaba yokuvuswa kolayini bezitimela, sisuse imithwalo emigwaqeni," kusho uDuma owengeze ngokuthi uMnyango wakhe kade uhlola nokuqhubeka komsebenzi ebhulohweni Icabana elidle imali engu-R34 million.

Ilei bhuloho kulindeleke ukuthi liphele ukwakhiwa ngoMeyi nonyaka kulandela ukubambezeleka ngasohlangothini lukasonkontileka. UMphathiswa uthe uMnyango udonse ngendlebe abantu benkontilaki, baphinde babaxwayisa ngokuthi bazohlawuliswa uma kuphinda kuba nokubambezeleka komsebenzi. Uthe imiphakathi ayikwazi ukulokhu ilinde umlibe emisebenzini yentuthuko ezindaweni zayo.

Kuvele ukuthi sekuqashwe abantu bendawo abangu-1000 abazosebenza ukulungiswa komgwaqo uMain Road P601 oxhuma imiphakathi yaseMzimkhulu naseFranklin. Ubude balo mgwaqo bungamakhilomitha angu-45.869.

# ISITHUTHI ESISHA ESIZOSIZA UKULETHWA KWEZIDINGO









**Bekwetyhulwa amalolli awojibha eMngeni Satellite ngaphansi kweHarry Gwala District Municipality.**

IMEYA kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, yedlulisele iloli emnyangweni wezamanzi muva nje.

Ephawula ngesikhathi kwethulwa leli loli, uMkhatshwa uthe lizolekelela kakhulu eSifundeni sonke ukuhambisa i-TLB isuka kwenye indawo iphuthunyiswa kwenye ngoba i-TLB ayikwazi ukuhamba amabanga amade ngenxa yokuhamba kancane.

Nalapho uMasipala ufelwa yizimoto kuba nesidingo seloli elinjengaleli elikwazi ukuzithwala liziyise lapho zilungiswa khona.

Phambilini iSifunda bezithwala izindleko ezinkulu kuthathwa i-TLB ngokuqasha abamaloli azimele, kodwa manje leli joka selehlile ngoba sekukhona umasheshisa osegcekeni.

# UMVILIYELO WABE-LGBTQIA+ E-HARRY GWALA













**Kube nenhlabaluhide yabe-LGBTQA+ kuMasipala weNdawo iGreater Kokstad, eqale eCentral Park, yaqhubeka yaze yayophela e-Oval Sports Ground lapho bekwethulwa khona izinkulumo ezifundisa ngeqhaza labe-LGBTQA+ emiphakathini.**

UMASIPALA weSifunda i-Harry Gwala ibe nowayo umviliyelo wabe-LGBTQIA +PRIDE ngaphansi kukamasipala iGreater Kokstad Local Municipality, njengengxenye yomkhankaso wokuqinisekisa ukuthi iSifunda singesikhululekile kubo bonke abayizakhamizi kuso.

Lo mkhankaso wokuqwashisa ngamalungelo obulili ubungoNovemba ngonyaka odlule, uhanjelwe amalungu e-LGBTQIA +

asuka eBuhlebezwe, Greater Kokstad, Dr Nkosazana Dlamini-Zuma naseMzimkhulu.

Imashi isuke eCentral Park yaze yayophelela e-Oval Sport Ground, eKokstad. Obehambele esuka ezingeni leSifunda bekuwuSomlomo MSD Mdunge kanti uSomlomo waseGreater Kokstad Speaker uKhansela B. K Nozaza naye ubekhona ukweseka nokuzwakalisa ukulwisana nengcindezelo yabantu bomphakathi we-LGBTQIA+.

Kugcizelelwe ukubaluleka kwemiviyileyo efana nalena ukuze abantu bengaxwayi futhi bakhuthazeke ukuba babe yingxenye yama-workshop nemibukiso namakhonsathi ahlelwa abe-LGBTQIA+ Pride. Imicimbi yalolu idume ngokuheha izindimbane zabantu emazweni amaningi emhlabeni jikelele.

"Isizathu sokuba nalo mgubho ukuthi sigqamise iqhaza lomphakathi we-LGBTQIA + nomlanndo wabo ezindaweni zethu, kuzwelonke nasemhlabeni jikelele. Kumele samukele ukuthi sidalwe ngezindlela ezahlukene asizikhetheli esiyikho. Akekho onelungelo lokukhetha ubulili bakhe," kusho uKhansela N. Jojozi.

Intsha ye-LGBTQ nezinye izinhlangano zezishoshovu bagxilise uhlelo lwabo ekukhuthazeni ukwamukeleka emiphakathini nokwesekwa kwentsha, okubalwa labo abasezindaweni zomphakathi njengezikole ukuze bazizwe bephephile bengahlukunyezwa.

USomlomo usonge ngokuthi kudingeka zande izinhlelo ezifana nalezi ukuze abantu bafundiseke, bakwazi nokwamukela izinhlobo abantu abakhetha ukuphila ngendlela abazizwa ngayo. Kukhalwe kakhulu nangokuhlukumezeka amalungu ale nhlangano abhekana nakho emalokishini, nokubandlululeka abakutholayo, kokunye baze badlwengulwe ngoba kuthiwa "bayalungisiwa".

"Kubalulekile ukuthi sithumele umlayezo ukuze samukele lokho eniyikho. Ningamalungu aphelele omphakathi wethu, akumele nibe novalo niphile ngokwesaba. Akuyona inhlobo yesizwe esisifunayo leso. Ngaleyo ndlela besifuna ukuthumela umlayezo oqinisile wokuthi ningamalungu e-LGBTQIA+ siyanithanda," kusho uSomlomo.

**#16DaysOfActivism**
**#NoToKillingOfLGBTQIA+Community**

# IMENENJA KAMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA YAMUKELA ABASEBENZI ABASHA







**IMenenja kaMasipala weSifunda iharry Gwala, uMnuz Gamakulu Sineke, ubekhuluma ngesikhathi emukela abasebenzi abasha eCouncil Chambers, eXobho.**

UMNUZ Gamakulu Sineke, oyiMenenja kaMasipala weSifunda iHarry Gwala wamukele ngenkulu intokozo amalungu amasha ethimba labasebenzi bakaMasipala mhla ka-14 Januwari 2025.

Kulo mhlangano ugcizelele ukuziphatha okuhle nobuqotho kukho konke abazobe bekwenza. La malungu amasha aphinde akhunjuzwa ngemigomo yakwandabazabantu kwaMasipala nezithinta imithetho yabasebenzi kuleli ukuze baqonde lokho okulindeleke kubo.

UMnuz Sineke ubalule ukuqonda kubasebenzi ukuthi ukuba sesikhundleni kuMasipala kuyinto efiswa abaningi, wabakhuthaza ukuba bazizwe besekhaya balandele imiyalelo yakhona. Uthe ulindele lukhulu kubo ngemibono emisha ezolekelela umasipala endleleni yawo yokuthuthuka.

Bangu-23 abasebenzi abasha abajoyine uMasipala ngokugcwele, kwathi abayisishiyagalolunye baqashwa ngokwezinkontileka ezikalelwe isikhathi. Iningi labo baseMnyangweni wezaManzi, okuyiwona omqoka kakhulu kuMasipala weSifunda

Kubo kukhona induna yabashayeli, i-process controller, i-artisan plumber, abasebenza eCall Centre neminye imisebenzi. Phezu kwalaba, bangu-312 abazojoyina uhlelo lwe-EPWP.

Njengoba beba yingxenye kaMasipala, sebebalwa nalabo abazinikele ekusebenzeleni abantu. UMasipala weSifunda iHarry Gwala ufisa ukuba umasipala ophambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal, kuthi imiphakathi yakhona ihlomule ngezolimo nezokuvakasha.

# SINETHULELA I-MENENJA YAMAPHROJEKTHI (CHIEF TECHNICIAN)

UMASIPALA weSifunda i-Harry Gwala ufisa ukumemezela ngokujutshwa kukaMnuz Zwanani Mkhaba othatha izintambo zokuba uProject Manager (Chief Technician).

UMnuz Mkhaba wazalelwa eMfume Mission, wafunda umatric wakhe khona kuleya ndawo ngaphambi kokwethweswa iziqu zobunjiniyela iNational Diploma in Civil Engineering, ezelanywa yiB-Tech Degree in Water Engineering azithole eDurban University of Technology (DUT).

Uwunjiniyela obhaliswe ngokusemthethweni ngaphansi njenge-Professional Engineering Technician eMkhandlwini we-Engineering Council of South Africa (ECSA).

UMnuz Mkhaba waqala ukusebenza eyiCivil Engineering Technician eMakhaotse, Narasimulu & Associates. Wabe esedlulela e-MN Africa lapho ayeqashwe khona njenge-Senior Civil Engineering Technician. Ube eseqashwa kwa-Ziinzame Consulting Engineers lapho khona ayeyi-Senior Engineering Technician ngaphambi kokufudukela eMvubu Consulting lapho afike waba yi-resident engineer.

Muva nje ubesebenza kuMasipala weSifunda uMkhanyakude eyi-PMU Technician.

Ekuqaleni kukaFebhuwari 2025, uMnuz Mkhaba ujoyine i-Harry Gwala District Municipality ethatha isikhundla sokuba yiChief Technician eMnyangweni wakwa-Infrastructure Services.

Unamava kakhulu kwezezakhiwo nezomhlaba kuhulumeni kanye nezokuphepha ezinkontilakini. Ekuqashweni kwakhe eHarry Gwala, uzwakalise ukuthi uzimisele ukweseka uMnyango akuwo ngazo zonke izindlela ukuze imisebenzi iphele ngesikhathi esisuke sinqunyiwe.

Uphinde wathi ubuchule bakhe buzowusiza uMnyango wakwa-Infrastructure ekwenzeni imisebenzi ngendlela esuke inqunywe umasipala nezinga elisuke lilindelekile.

"Ngiyafisa futhi ukuba ngisize ozakwethu abangonjiniyela ukuthi babhalise emkhandlwini i-Engineering Council of South Africa (ECSA). Elinye iqhaza engibona ngilibamba, ukusiza umasipala afinyelele emigomweni asuke ezibekele yona kwezokulethwa kwezidingo zomphakathi," kusho uMnuz Mkhaba.

> "Ngiyafisa futhi ukuba ngisize ozakwethu abangonjiniyela ukuthi babhalise emkhandlwini i-Engineering Council of South Africa (ECSA). Elinye iqhaza engibona ngilibamba, ukusiza umasipala afinyelele emigomweni asuke ezibekele yona kwezokulethwa kwezidingo zomphakathi.



**UMnu uZwanani Mkhaba**

| UKULUNGISWA KWEPAYIPI ELIKHULU IMBIZWENI ELIQOQA UKUNGCOLA EDOLOBHENI UMZIMKHULU (WARD 16) | | |
|---|---|---|
| **HGDM 760 UKWAKHIWA KWE-PUMP STATION NEPAYIPI ELITHUTHA AMANZI: IBANGA ESELIHANJIWE LIKU-90%** | | |
| **Ubungako bomsebenzi ogunyaziwe ngokohlelo oluthunyelwe** | **Umsebenzi owenziwe esizeni nokuphawula** | **Izithombe ze-phrojekthi** |
| Ukwakhiiwa kwepayipi elikhulu okukhona kulo nelokuphakela, kubalwa nesakhiwo sokweseka (flexible pipe bedding), kufakwe ipayipi ngokuphelele nama-fittings namabhawodi, ukuvivinywa isakhiwo, ukusihlanza ukungcola kuwo wonke amagumbi. | QAPHELA: Ipayipi alikahlolwa ukusebenza kwalo, liyohlolwa phakathi kuka-17/02/2025 no-25 /02/2025 kulandelwa uhlelo |  |
| 1300m of 350mm diameter class 12 UPVC ipayipi elikhuphukayo | 1164 meters of 355 diameter UPVC ipayipi elikhuphukuayo lifakwe esisekelweni esiqinisiwe esingu-300mm | |
| 250m of 355mm diameter ipayipi lensimbi elikhuphukayo elingu-grade A | 192 meters of 355mm diameter ipayipi lensimbi elingu-grade A lafakwa emapalini aphezulu | |
| Ukwakhiwa kwe-pump station nemigodi kakhonkolo onama-reinforce | I-Pump station eyakhiwe ngokhonkolo onama-reinforce ngaphansi komhlabathi, kwengezwa isakhiwo sezitini nendlu kanogada. Ukugandaya phansi kusaqhubeka. | |
| Ukuphakelwa kukagesi osuka kwa-Eskom, kubalwa nezimali yokufaka isicelo nokulethwa kwamandla | Isicelo sakwa-Eskom senziwa, iquotation ayakabi khona. Ukuhambela isiza ngabakwa-Eskom kwenzeke mhla ka-28/01/25, bathembisa iquotation mhla ka-07/02/2025 | |
| Ukufakwa kwepayipi elisebenza ngogesi elingu-630kl/hour ne-motor | Gorman Ruoo 6500 series coupled to electrical motor, Pump 6506A60-B Motor-185kW/4p (315 S/M) delivered on site, the installation is still in progress | |
| Ukufakwa kwepayipi elisebenza ngogesi elingu-45 kl/hour ne-pump motor (sump dewatering) | | |
| Ukufakwa kwe-Substation engu-315kVA | Ayikalethwa laphi kusetshenzelwa khona. | |
| Ukufakwa kwe-Genarator engu-300kVA | I-Generator isifikile (igcinwee eMahlubi site camp), ayikafakwa. | |
| Ukufakwa kwama-valve (isolation, air, flow meters nokuhlolwa) | I-Scour valve eyodwa nama-Air valves amabili asefakiwe. | |
| Ukufakwa kwe-electrical control box | I-electrical control box isifakiwe ngaphakathi kodonga e-storage room ye-pumpstation | |

| UKWAKHIWA KWEPAYIPI ELITHULULA UKUNGCOLA (HGDM 759), IMIGUDU NAMABHOKISI OKUHLANGANISA: UMSEBENZI USUSEMAPHETHELWENI | | |
|---|---|---|
| **Ubungako bomsebenzi ogunyaziwe nohlelo olulethiwe** | **Umsebenzi owenziwe nokuphawula** | **Izithombe ze-phrojekthi** |
| Ukwakhiwa kwamapayipi achithayo okubalwa ukudilivwa, ukulungiselela nokufaka izinsika zama-uPVC pipes sekuphelele nokuqiniswa kwa-ffittings, amabhawodi, ukuvivinya nokuhlanzwa yonke imigudu. | |  |
| Amapayipi angu-1830m of 315mm ububanzi class 51 gravity | Amapayipi angu-1314,430m of 315 ububanzi adilivwa, afakwa. | |
| Amapayipi angu-550m of 355mm diameter class 51 gravity Amapayipi angu-1000m of 450mm ububanzi class 51 gravity | Amapayipi angu-513 of 355mm ububanzi adiivwa, afakwa Amapayipi angu-1216,39 m of 450mm dia adilivwa, afakwa. | |
| Amapayipi angu-120m of 500mm diameter class 51 gravity Ukutholakala, ukudiliva nokufakwa kwe-precast yemigudu engu-750mm and 1000mm ububanzi | Amapayipi angu-839,55m of 500 ububanzi adilivwa, afakwa | |
| | Kwatholakala, kwadilivwa u-500mm ngokuphakama no-1000mm ububanzi bemigudu | |
| Ukutholakala, ukulethwa nokwakhiwa kwama-junction boxes okukhona nezikafula nokhonkolo ongu-grade 25Mpa and (15/19) wengxenye yokusitha. | Imigudu yakhiwa endaweni yama-junction boxes | |

| UHLELO LOKUFAKWA KWAMA-SMART METERS AMASHA EBHONGWENI: 2024/2025 FY | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **USUKU** | **INDAWO EHLOSIWE** | **UKUFAKWA OKUHLIWE** | **UKUQALA KOKUSEBENZA** | **ISIYINGI ESIHLOSIWE** |
| Feb-25 | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 3 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 3 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 3 |
| Mar-25 | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 3 |
| | Kokstad - Bhongweni | 200 | 200 | 4 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 4 |
| Apr-25 | Kokstad - Bhongweni | 300 | 300 | 4 |
| | Kokstad - Bhongweni | 200 | 200 | 5 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 5 |
| May-25 | Kokstad - Bhongweni | 200 | 200 | 5 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 6 |
| | Kokstad - Bhongweni | 200 | 200 | 6 |
| | Kokstad - Bhongweni | 200 | 200 | 6 |
| Jun-25 | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 6 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 7 |
| | Kokstad - Bhongweni | 250 | 250 | 7 |
| | **SEKUKONKE** | **3800** | **3800** | |

| ISIMO NGAMA-SMART WATER METERS: JANUWARI 2025 | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **INCAZELO** | **AMA-SMART WATER METERS** | **IMISHINI YOKULAWULA AMANZI** | **KUKONKE** | **OKUSELE** |
| Okwakukhona; 2022/2023 FY | 563 | 0 | 563 | 563 |
| Kwa-odwa 2023/2024 | 400 | 300 | 963 | 963 |
| Kwafakwa 2023/2024 FY | 920 | 300 | 43 | 43 |
| Kwa-odwa 2023/2025 FY | 600 | 700 | 643 | 643 |
| Kwa-odwa 2023/2024 FY | 1500 | | 2143 | 2143 |
| Kwafakwa 2023/2024 FY | 812 (Ibisi & Franklin) | 300 | 1331 | |
| Installed 2024/2025 FY | 843 (Bhongweni, Underberg low cost, Himmeville Low cost) | 231 | 488 | 488 |
| Replaced Faulty Meters: 2024/2025 | 19 | 231 | 469 | 469 |

## I-CALL CENTRE KAMASIPALA

Lesi sikhungo sisebenza amahora angu-24 nsuku zonke, lapho kwemukela khona imibuzo nezikhalo mayelana namanzi, ukuhlanzeka, izikweletu, ukungqamuka kwamanzi okuhleliwe noma okungahleliwe, ukuqhuma kwamapayipi, ukuqhuma kwezitamkoko namamitha anenkinga.

Inhloso enkulu ngesikhungo esamukela izingcingo ukuphendula, nokuqopha yonke imibuzo yamakhasimende ngezidingo eziphakelwa umasipala futhi baqinisekise ukuthi u-70% wemibuzo iyaxazululwa zisuka amadaka.

Isikhungo se-Call Centre sakhelwe izakhamuzi namakhasimende abakhetha ukuxhumana nomasipala ngocingo kanti nalabo abancamela ukuzifikela mathupha bezozwa ubuso nobuso bamukelekile kulesi sikhungo. Ikhasi lika-Facebook likhonela amakhasimende noma izakhamuzi abakhetha ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana ukufinyelela kumasipala ngezidingo zabo.

**Kubikwa kanjani?**

- uhlobo lwezikhalazo
- Igama lakho nesibongo
- Inombolo yocingo
- Ikheli lomgwaqo wakho, ijalidi noma isigodi
- Ungasifaka nesithombe uma kunesidingo. Kuyefana noma ubika izikhalo zakho noma isicelo sakho ngocingo uma uxhumana noMasipala ngoWhatsApp. Isicelo noma isikhalo sakho singena ohlwini bese uthola i-reference number nge-SMS. Yile nombolo ozoyisebenzisa uma usulandela ukuthi sikuliphi iqophelo isikhalo sakho uma singakalungiswa.

Inombolo ka-WhatsApp ithi: **0605706193**, noma ushayele e-call centre kule nombolo: **0860106351**, okanye uthumele i-email lapha: **customercare@harrygwaladm.gov.za**.

# Umbiko ngezigameko: KUBE NEZIMO EZIPHUTHUMAYO EZEHLE NGODISEMBA 2024 KUYA KUJANUWARI 2025

NGENYANGA kaDisemba 2024 uMasipala weSifunda iHarry Gwala uhlaselwe yischotho, izimvula ezinkulu, umoya onamandla, imililo nokwehla komphezulu kubo bobane oMasipala beNdawo - i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, Greater Kokstad, uMzimkhulu noBuhlebezwe.

Mhla ka-15 Disemba 2024 abe-South African Weather Services (SAWS) babekhiphe isexwayiso sika-level 2 yellow esibika imvula enkulu. Isexwayiso kusuke kuyindlela yokuvikela abantu ngokuthi baphephe, bengazitholi ezindaweni ezingafanele izulu lilibi, nokuthi kungaba khona ubungozi.

Omasipala bezindawo nesibambisene nabo baziswa ngesimo sezulu, amathimba avivela noma yini eyayingenzeka. Kwaba nokulimala kwezindlu, kuphephuka uphahla okwashiya imizi eminingi ingenakudla, ingenazingubo kwalimala nefenisha. Kwalimala izakhiwo eziningi nempahla nokwaholela ekuphazamisa ukusebenza kwezikole, imigwaqo nogesi ngenxa yeziwuhlu zemvula.

Ingu-69 imizi eyathinteka, kwathi engu-30 yadilika yaphela, engu-66 kwaba nokubhidlika kwezingxenye, engu-14 imizi kwaba abantu abasele dengwane. Bangu-399 abantu abathinteka kulesi simo.

Kwenziwe konke ukuhlola isimo kwatholakala ukuthi akukho muntu olahlekelwe umphefumulo nolimele.

### IZIGAMEKO NGOKOMASIPALA

### Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality

Ngo-Okthoba 2024 lo masipala wathinteka ngenxa yomlilo ezakhiweni, izimvula, umoya onamandla, ukushaya komphezulu ezindaweni ezahlukene. Iyishiyagalombili imizi eyathinteka, eyisithupha yabhidlika kancane kwathi emibili kwaphela ngayo.

Akukho muntu owasala dengwane, abantu abangu-64 bathinteka yilezi zigameko. Akekho owalimala, kodwa ngeshwa kwashona oyedwa ngenxa yomlilo eMacabazini.



**Umfanekiso 1 & 2: Ukhombisa isigameko sombani kanye nomonakalo womoya onamandla okwenzeka eDkt Nkosazana Dlamini-Zuma LM**

### Greater Kokstad Municipality

Ngenyanga ka-Okthoba 2024, uMasipala Wendawo wase-Greater Kokstad wathinteka ngenxa yesigameko somlilo. Imizi emibili (02) ecekelwe phansi ngomlilo endaweni yaseMphela naseSingisi, kwathi abantu abayisishiyagalombili (08) bakhahlamezekile. abekho abantu abashonile kanye nokulimala okubikiwe.

UMasipala waseKokstad ubike ngengozi yemoto ngenxa yemvula enamandla, ku-N2 eNgqumarheni. Izimoto ezintathu zishayisene kwalimala abathathu (3) (ikhodi ebomvu) kwangashona abantu. Imigwaqo imanzi futhi iyashelela ngenxa yemvula esiqalile ukuna kuMasipala waseKokstad.



**Umfanekiso 4: Izithombe eziveza ingozi yemoto eyenzeke emgwaqeni u-N2 Engqumarheni Area kanye nendlu ecekeleke phansi eSingisi eKokstad.**

### Ubuhlebezwe Local Municipality

Ngenyanga kaMfumfu wezi-2024, uMasipala Wendawo Ubuhlebezwe ukhahlanyezwe yimvula enamandla, umoya onamandla kanye nezigameko zokusha kwezakhiwo ezindaweni ezahlukene. Bekunemizi eyishumi (10) ethintekile, iyisithupha (06) yonakale ingxenye, umuzi owodwa (01) wonakele ngokuphelele kwathi abathathu(03) basala dengwane. Bangamashumi ayisithupha nantathu (63) abantu abathintekile. Akubanga khona muntu oshonile kanye noyedwa (01) olimele ngenxa yomlilo owenzeke ku-ward 13 eMgodi Location.

### UMzimkhulu Local Municipality

Ngenyanga kaMfumfu wezi-2024, uMasipala waseMzimkhulu ukhahlamezekile ngenxa yomlilo wezakhiwo, izimvula ezinamandla nezivunguvungu ezinamandla ezindaweni ezahlukene. Kunemizi eyishumi (10) ethintekile, emithathu (03) yonakele ingxenye, emithathu (03) yonakele ngokuphelele, abantu abane (04) abangenamakhaya, abantu abangamashumi amahlanu nesikhombisa (57) abathintekile kulezi zigameko. Azikho izidumbu ezishonile kanye nokulimala okubikiwe.



**Umfanekiso 5: okhombisa umuzi ohlaselwe yimimoya enamandla eMzimkhulu kuWadi 12**



**Umfanekiso 1 & 2: Ukhombisa isigameko sombani kanye nomonakalo womoya onamandla okwenzeka eDkt Nkosazana Dlamini-Zuma LM**

### IZIMALI ZOKUPHUMULA ZINIKEZELWA ABAHLOMULI

- Izingubo zokulala eziwu-26
- 15 Plastic Sheeting's
- Izipontshi eziyi-13
- Amaphasela okudla

# UMJAHO WAMAHHASHI I-HARRY GWALA SUMMER CUP









**Umjaho iHarry Gwala Summer Cup 2024 ububanjelwe Emakhuzeni Horse-Race Track, Edazini ngaphansi kwe-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality. Ubuhanjelwe yizicukuthwane okubalwa kuzo uMphathiswa wezeMidlalo namaSiko uMntomuhle Khawula neMeya yeSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo.**

UMPHATHISWA weZemidlalo, Ubuciko namaSiko KwaZulu-Natal, uMnuz Mntomuhle Khawula ubeyingxenye yomjaho wamahhashi iHarry Gwala Summer Cup 2024 obubanjelwe eMakhuzeni Traditional Horseracing Track, Edazini, lapho ezizwele mathupha ubumnandi bomjaho wasemakhaya.

UMphathiswa wamukelwe ngmfudumalo uMeya weSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo, nabanye abaholi bomasipala bendawo obekukhona kubo uMeya waseDr Nkosazana Dlamini-Zuma uKhansela Sindisiwe Msomi, abaholi bomdabu Inkosi Dlamini yaseMakhuzeni Tribal authority, Inkosi Mjoli ehola Amawushe Tribal Authority, Inkosi Fodo yaseNhlangwini noyinhloko yoMnyango uDkt Thobile Sifunda.

Umjaho iHarry Gwala ungomunye wemijaho edonsa amehlo abantu. Ukuba khona kukaMphathiswa uKhawula kukhombise ukubaluleka komcimbi ongagcini ngokugabisa ngethalente endaweni kodwa eqhakambisa amagugu eSifunda.

Lo mcimbi ubunohla lwemijaho kuwo lapho abancintisanayo bebelwela ukuba phambili okuhambisana nemali. IMeya uNxumalo noMnuz Khawula, ngesikhathi bemukelisa imiklomelo, bezwakalise ukuthokoza kakhulu ngokuhamba kahle komjaho nesibalo ebesiphezulu

















**Kukhishwe imiklomelo kwabawinile, kwakhuthazwa abantu bendawo ukuthi bahambele imijaho eba khona.**

sabantu bendawo abebekhona.

UMphathiswa uhalalisele abebegibele izinjomane, wancoma nabahleli bomcimbi ngomsebenzi abawenzile wokugqugquzela umdlalo wamahhashi esifundazweni. Ugcizelele ukubaluleka kwemicimbi efana nalena okuyiyo ekhombisa ithalente elikhona ezindaweni ezinganakiwe, nokuvuleka kwamathuba eSifundeni.

Usuku belungelona olwamahhashi kuphela kodwa bekukhona nezinye izinhlobo zenjabulo njengomculo, imfashini nemidanso konke obekwenza kube mnandi ngokwedlulele. Ngalo mjaho ojokhi bendawo bakwazi ukuveza amakhono abo, kuthi abanikazi bamahhashi bakwazi ukuba nethuba lokusebenzisa impahla yabo ezintweni ezihlanganisa abantu.

Ngesikhathi umcimbi uphela bese kuvele kukhona ukukhuluma ngokuthi kazi umjaho ka-2025 uyoba njani, okwenza ukuthi abantu bazilungiselele behlelela lo mcimbi.

UMkhatshwa uthe ukuthokozele ukuba khona kukaMphathiswa uKhawula, futhi ethembisa ukuweseka umjaho ngemiklomelo. Wengeze ngokuthi lokhu kuveza ukuthi uhulumeni wesifundazwe uzimisele ukweseka imicimbi efukula umnotho nobunye kubantu.

Impumelelo ye-Harry Gwala Summer Cup igcizelela ukubaluleka kwemijaho yamahhashi njengomdlalo okungancintiswanwa ngawo, kuphinde kugujwe amasiko KwaZulu-Natl.

Ujokhi uMpendulo nomnikazi wehhashi uMnuz ZB Gamede baseSifundeni iZululand yibo abadla umhlanganiso ngehhashi labo uMbayimbayi, bawina isamba sika-R14 000. Endaweni yesibili kwaba uTroublemaker waseMajuba District kwathi endaweni yesithathu kwaba elasekhaya eHarry Gwala u-Eliya.

Ukuwina kukaGamede kwaba ngundabamlomnyeni ngoba wayevele eyimfivilithi futhi usesebenze kakhulu emijahweni yalolu hlobo. UMeya uNxumalo wamukelisa umklomelo wesihlalo sehhashi weHhovisi leMeya kubanikazi baka-Eliya.

Lokhu kuzokhuthaza abanye abantu bendawo ukuthi babe yigxenye ye-Harry Gwala Summer Cup. Wabe esebonga bonke ababekhona, wathi iSifunda sihlela ukukhulisa lo mdlalo eKokstad naseMzimkhulu ukuze kwenyuke isibalo sabangenelayo.

